

# USARS UTHOLE IZICELO ZEMISEBENZI EZEVILE KU-88 000

**Tshwane, ngoLwesine 15 kuMbasa 2021** – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luthokozile ngokunanelwa kwekhwelo oluluuhlabilo ngokufakwa kwezelalo zomsebenzi ezikhaleli ezehlukene ezizogcwalisa ngenhlosa yokwenza ngcono usizo oluhiinsekwa abakhokhinhala kanjalo nokuthuthukisa amazinga okuthobela.

Izikhala zemisebenzi ezazikhangisiwe zibandakanya imikhakha eminingi yokusebenza kwaSARS, kubandakanya Ongoti abanoLwazi lwezobuChwephepheshe (Information Technology Specialists), oNgoti ngokuSingathwa kweMininingo (Data Management Specialists), oNgoti boCwaningo mabhuku nobuNgozi (Audit and Risk Specialists), oNgoti bezoPhenyo (Investigations Specialists) kanye nabaCwanangi mabhuku (Auditors) abagxila ezindabeni zokuGwema iNtela kanye nezindaba ezifana nalezo, kanye nakweminye imikhakha eminingi.

USARS ukhungathekile ngesibalo esingu-88009 sezicelo abazitholile. Kulezi sibalo, izicelo eziyi-15092 bekuyizicelo ezivela ngaphakathi. Isimo sokuntuleka kwemisebenzi ezweni lethu sanele ukubonisa izinselelo esibhekene nazo njengezwe. Kuyinselelo esabisayo okumele bonke abantu baseNingizimu Afrika bazimisela futhi bakukhuthalele ukwenza konke ukuyinqoba. USARS uzodlala indima yawo, ngebhadi sizothatha abafakizicelo abayi-500 kuphela abazoba sohlelweni loKwakha isiZwe esikhungweni sethu.

USARS uholwa ukuthi uhulumeni eyedwa angeke akwazi ukusungula imisebenzi eyanele kanti sethemba ukuthi nabanye, ikakhulukazi umkhakha wezinkampani ezizimele, bazokwenza okusemandleni abo ukunika intsha eneziqu ithuba lokuqala impilo ngokuyinika ithuba lokuqeleshwa, uma kwenzeka, babaqashe ukuze zikhombise ukuzinikela kwethu sonke ekwakheni ikusasa elichumile nokubanika isiqalo esizoba usizo empilweni.

Ngokuvamile, uhlobo ngalunye lomsebenzi luthole izicelo eziyi-468 (ezivela ngaphakathi nezivela ngaphandle). Esibalweni sezicelo, kunezicelo eziyizi-7946 ezivela ngaphandle zalabo abaneziqu, kanti ezingama-755 ezalabo abenza imisebenzi abangama-Chartered Accountants esibalweni sezicelo. Bekukhona nesibalo esiningi sabafakizicelo abaneziqu ze-Masters ne-PhD.

Njengoba kubonakala ezibalweni, izwe lethu linabantu abangochwephepheshe emikhakheni eminingi lapho abangaba abaqashi bakusasa abangathatha kukho ukulekelela izwe ekulweni izinselelo zobubha, ukuntuleka kwemisebenzi nokungalingani. Sonke kumele sibhukule sibhekane nale nselelo.

Usuku lokuvalwa kokwamukelwa kwezelalo kwakumhla ziyi-11 kuMbasa 2021. USARS uzoqhubeke nenqubo yokuqashwa kwabantu ngokuxhumana nalabo abasohliwini olufushane lwabafakizicelo abazobizwa kunhlolokhono. UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika lufisa ukubonga abantu baseNingizimu Afrika ngokweseka nokwethembala lesi sikhungo.

Kukhona izikhala zomsebenzi lapho kungafangwa khona izicelo ezanele. Ngalokho-ke, lezi zikhala zomsebenzi zizophinde zikhantiswe kabusha kungosi yethu yemisebenzi kusizindalwazi sakwa-SARS. Kukhuthazwa abantu abanentshisekelo ukuba bavakashele ikhasi lemiSebenzi ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za).